

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES
MCHUNU EMCIMBINI WEZOKUPHEPHA EMGWAQENI OHLANGANYELE NE-
SANTACO KWAZULU-NATAL EMNAMBITHI MHLAKA 08 DECEMBER 2011.**

Mphathi wohlelo;
Ubuholi be-SANTACO KwaZulu-Natal;
Ubuholi bonke bososeshini esinabo lapha;
Abanikazi bamatekisi;
Abashayeli;
Izimenywa zonke ngokwehlukana kwazo;
Nginyanibingelela.

Egameni likaHulumeni, ikakhulukazi umNyango wezokuThutha KwaZulu-Natal, kuyintokozo enkulu namhlanje ukuba sibe yingxenye yalo mcimbi ohlelwe osomabhizinisi abasembonini yamatekisi ngenhloso yokuqinisekisa ukuphepha emgwaqeni njengoba sekuyisikhathi sikaKhisimusi kodwa kungagcini lapho kuze kube nangemuva kwawo.

Ngifisa ukubonga kakhulu ubuholi be-SANTACO KwaZulu-Natal ngeqhaza enilibambile kulo mshikashika esiwuqhubayo wokulwa nokufa kwabantu emigwaqeni yalesi fundazwe. Enikwenzayo kusho lukhulu esizweni, kusinika ithemba njengomNyango ukuthi ekugcineni kukhona lapho siya khona ekulungiseni imboni yamatekisi jikelele.

NjengomNyango kuyasikhuthaza ukuthi okuningi esikwenzayo ndawonye kusahambisana nezinqumo zengqungquthela esaba nayo ekuqaleni konyaka odlule eyayidingida ngezokuphepha emigwaqeni yethu kulesi fundazwe. Yingakho sithi siyayibonga le-Partnership Against Road Accidents.

Mhlambe nakuba singeke saqala sigiye okwamanje, kodwa sibona sengathi ukubambisana kwenu nomNyango kuya ngokuya kuthela izithelo. Selokhu lwaqala lolu hlelo luka-Operation Hlokomela sihlale silitusa igalelo lenu ekuqinisekiseni ukuphepha emgwaqeni.

Ngaphambi kokuba ngize lapha ngike ngabheka indlela esesisebenze ngayo kusukela saqala umkhankaso ka-Operation Vali'ingozi, nani enawamukela nazibophezela ngokuwuqhubekisela phambili.

Ngempela kona noma zisekhona izingozi kodwa kuthanda ukuba nomehluko ngezinhlekelele ezibandakanya amatekisi lapho kuvamise ukuthi kufe abantu abahlanu kuya phezulu uma kwenzeke ingozi emgwaqeni.

Kodwa-ke asikuthathi kancane futhi ukufa kwabantu ngamunye okuhlale kwenzeka ezingozini ezibandakanya amatekisi ngoba siwumNyango sithi ukufa komuntu oyedwa nje kufana nokufa kwabantu abaningi – one death is one too many. Kulaba-ke kuvame ukuba ngabahamba ngezinyawo. Kuvamile nje emalokishini uzwe kuthiwa usibanibani ushayiswe itekisi washona, kokunye okusuke kungumshayeli wetekisi osephutheni.

Ngicabanga ukuthi ngenye yezinto okumele igxile ezingqondweni zabashayeli bethu ukuthi ukucophelela akugcini emigwaqeni emikhulu kuphela mhlambe ngoba kuvame ukuba namaphoyisa khona. Nasemakhaya ngenkathi silanda noma sibuyisa abagibeli kumele siqaphele.

Okwenzeke kumculi owaziwayo uJub Jub nabangani bakhe kuleli sonto, asebezithole besesimweni lapho bezolahlekelwa isikhathi esibalulekile empilweni yabo njengabantu abasha abasaqhakaza akumnandi.

Kodwa-ke singasho singananazi ukuthi le minyaka ahlulelwe ukuba ayihlale ejele iyisifundo kunoma imuphi umshayeli ukuthi ukushayela budedengu kungakufaka ejele ubhadle khona isikhathi eside uma ubulala abantu abahamba ngezinyawo ngenxa yokushayela ngesivinini esiphezulu ungabaqapheli.

Ngilibaziswe ukuthi izibalo zezingozi zonke zihlanganiswa ehhovisi lamaphoyisa esifundazweni kanti baye bazikhiphe zingahlukanisi izingozi ukuthi lena ngeyetekisi noma ngeyani. Ngabe namhlanje ngiyasho ukuthi zithini izibalo eziqondile zezingozi ezibandakanya amatekisi. Kodwa sengithe laba bakithi ka-RTI abangibhekele bangihlukanisele kahle, ngizokwazi maduze nje.

Noma singawusho-ke nje lowo mehluko, kodwa njengesifundazwe liselikhulu ibanga okumele silihambe ekulweni nezingozi zomgwaqo jikelele. Uyabona nje ngenkathi sethula inyanga yezokuthutha ngo-October, sabe sesiqala nezinhlelo zethu zokuphepha emgwaqeni ngalesi khathi samaholide kaKhisimusi.

Kodwa uma ubheka izibalo zikhomba ukuthi kusukela ngaleyo nyanga ka-October kuze kube izolo sesibe nezingozi ezingu-253 kwafa abantu abangu-284 emigwaqeni yethu. Nyakenye ngesikhathi esifanayo zazingu-318 izingozi kanti kwase kufe abantu abangu-338.

Uma sithi ukusabalala sibheka kusukela ngo-April kuya ku-November walo nyaka sibe nezingozi zomgwaqo ezingu-1086 kanti ngesikhathi esifanayo nyakenye babengu-1483. Lokhu kusho ukwehla ngo-397.

Uma ubheka uyabona-ke ukuthi muncane kanjani umehluko esisawenzile. Futhi siqinisa nakuyona imboni yokuthutha umphakathi ngoba iyona okuthi ngengozi eyodwa nje kubhubhe amashumi abantu, bese zivele zenyuka kakhulu izibalo.

Ngike ngabheka futhi nezibalo ezikhishwe yilaba bakaShanela lapho besebenza khona. Bathi kusukela ngomhlaka 12 November kuya kumhlaka 6 December, eMandeni/Sundumbili nase-Newcastle naKwaMdakana nje kuphela babophe amatekisi azingu-1318, kwakhishwa ezingu-210 emgwaqeni. Abangu-97 bebenama-warrant.

Bheka-ke ukuthi uma singabheka isifundazwe sonke kusho ukuthi isimo sinjani. Lena ngenye inselelo okusamele nibhekane nayo ngaphezu kokubheka ezokuphepha.

Okunye futhi esesike sakusho naphambilini ngukuthi njengoHulumeni sizimisele ngokweseka imboni yamatekisi embonweni wayo owaziwa nge-iTR3 2020 Vision, ohlose ukubuyisela isithunzi, ukwakheka kabusha nokuyibeka ezingeni elifanelekile.

Lokhu kuhlose ukuba imboni ikwazi ukudlala noma iyiphi indima ezinhlelweni zokuthuthukisa ezokuthuthwa komphakathi nokunika abanikazi bamatekisi ithuba lokungena nakweminye imikhakha yezokuthutha.

Siyazi futhi ukuthi njengoba senakwazi ukuhleleka ngokwezifunda zenu ngokulandela imingcele yezifunda zomasipala, sekulula ukuhlele ingqalasizinda yezokuthutha njengalama renki esesiwenza manje adidiyela zonke izithuthi okungamabhasi namatekisi ndawonye. Ngisho nomasipala bezifunda sebeyakwazi ukuthi basebenze ne-region eqondene nabo ngezidingo zembali.

Lolu hlelo lwengqalasizinda edidiyele sesalwenza oLundi lapho sesakha i-Integrated Public Transport Facility. Kukhona neyaseMondlo esesiphezu kwayo njengoba sikhuluma nje. Nalapha oThukela, uMtshezi usuhlomulile njengoba ngo-October besihlaba isoyi laphaya phakathi edolobheni. Sisaya nakwezinye izindawo kulo nyaka ozayo.

Ngelanga siseMtshezi uNondaba uBoy ongomunye wabaholi bale mboni eMgungundlovu owayekhulumela imboni yamatekisi wasibophezela ukuthi njengoba singuHulumeni siqhubeke nokwakha lezi zikhungo, nani njengembali nizolokhu niqinisekisa ukuthi kuba nokuphepha nozinzo ekusebenzeni kwamarenki. Uma kukhulunywa ngokubambisana kusuke kushiwo into enjena-ke.

Nanamhlanje-ke sizoshayela isipikili ukuthi makube yisiko manje kule mboni ukuthi izinto ziyaxoxwa uma kunokungaboni ngaso linye. Akekho umuntu okufanele afe ngenxa yokuthi unombono ohlukile kowomunye.

Siyazi ukuthi namhlanje izwe lonke ligcwele abafelokazi nezintandane osekumele zibhekelelwe ngama-grant umNyango wezokuThuthukiswa koMphakathi no-SASSA, ngenxa yokuziphatha kwabantu abasembonini yamatekisi.

Kuhlale kushiwo-ke ukuthi imboni yamatekisi, njengomkhakha wezomnotho inomlando wayo yodwa. Ihlale ifaniswa nebhola lezinyawo ngokuba yiwona mkhakha wezomnotho ophethwe yiningi labantu abamnyama kuleli lizwe.

Ngakho-ke kumele sikugcizelele ukuthi ukungabikhona kozinzo nokuthula kule mboni nokuhlale kukhonjwa yona njalo ngenjumbane uma kukhulunywa ngezingozi zomgwaqo, kubukela phansi izimboni eziphethwe ngabamnyama.

Phakathi kwezinhlobo zezithuthi zomphakathi, imboni yamatekisi iyona ethwala abantu abaningi kuleli zwe njengoba bengaphezulu kuka-60%. Lapha KwaZulu-Natal sinephesenti eliphezulu-ke thina ngenxa yokungabi nezitimela ezindaweni eziningi njengalapha eMnambithi.

Ngokwami ukubona, imboni yamatekisi kumele ibe yisibonelo esihle sokuxoxisana, hhayi nje mayelana nokuzithuthukisa kwezomnotho ukuze kusizakale abanikazi bemboni nabagibeli, kodwa ukuze kuphele nalo mqondo omubi wokuthi lena yimboni yodlame, ukufa nokungagcinwa komthetho.

Kwabahamba ngezinyawo abalapha, sithi kumele nazi ukuthi ukuhamba emgwaqeni, ikakhulukazi udakiwe, kuneqhaza elikhulu ezingozini ezibandakanya izimoto nabahamba ngezinyawo.

Zingu-40% kuya ku-50% emadolobheni, no-30% kuya ku-40% ezindaweni zasemakhaya izingozi zalolu hlobo okutholakala ukuthi abantu bebedakiwe.

Sengiphetha, ngithi masiyinxuse futhi imboni yokuthutha umphakathi ukuba ibe yingxenye yomcimbi obizwe yiSilo samaBandla ngoKhisimusi lapho kuzobuyisana bonke abebandakenyeke ezimpini, kuhlanganisa nayo imboni yamatekisi. Sithi seliliningi kakhulu igazi eselichitheke kule mboni futhi okwakuvele kungafanele lichitheke kwasekuqaleni.

Mangigcine ngokuthi siyanibongela ngezimoto zenu ezizolekelela ukuqinisa umkhankaso wenu. Kuzobaluleka-ke ukuthi abasebenzisa zona benze umsebenzi ezibekelwe wona. Hhayi ukuthi sibone izimoto ezibhalwe u-Operation Hlokomela sezipake emakhoneni athile sekwenziwa imikhuba engafanele.

Sithi-ke thina singumNyango wezokuThutha KwaZulu-Natal sizoqhubeka silethe ingqalasizinda yomgwaqo njengokuyalelwa umthetho bese siqinisekisa ukuthi igcinwa isesimweni futhi isetshenziswe ngokuphepha.

Sizoqhubeka nokulwa nenkohlakalo nokukhwabanisa ezikhungweni zamalayisensi ezimoto nawokushayela.

Sizoqhubeka sifake izimali emikhankasweni yezokuphepha emigwaqeni yethu ukuze siqinisekise ukuthi umphakathi uyaziswa uyafundiswa kahle ngako konke okuthinta ezokuphepha emigwaqeni.

Ngakho-ke sithi ngokubambisana singaziqeda izingozi zomgwaqo. Ngokubambisana singenza iKwaZulu-Natal ne-South Africa ibe ngephephile kithina sonke. Siyakujabulela ukuthi ubuholi bale mboni buzimisele ngokubuyisa isithunzi nozinzo kule mboni yethu.

Sengathi singahamba siyodla amaholide kaKhisimusi ngokuphepha size sibuye sibonane nangonyaka ozayo.

Ngiyabonga.